


PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# BEKA UVO LWAKHO

## UMthethosivivinywa Wokwabiwa Kwezimali [B4 – 2026]

### Izethulo kanye nokulalelwa komphakathi

IKomidi LoMkhandlu LikaZwelonke LeziFundazwe elibhekele Ukwabiwa KweziMali (uMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe) limema ababambiqhaza kanye nezinhlangano ezinentshisekelo ukuthi benze izethulo ezibhaliwe kanye/noma ngomlomo mayelana *noMthethosivivinywa Wokwabiwa Kwezimali [B4 – 2026]*. Lo Mthethosivivinywa wethulwa kanye neSabelomali Sikazwelonke sowezi-2026 nguNgqongqoshe WezeziMali mhla zingama-25 kuNhlolanja wezi-2026. UMthetho Wemithethosivivinywa Yezemali Nezindaba Ezihlobene, uNombolo 13 wezi-2018, udinga iPhalamende ukuthi liqhube ukulalelwa kwezimvo zomphakathi futhi libike ngayo yonke iMithethosivivinywa.

UMthethosivivinywa uhlose ukwaba imali esiKhwameni Semali Kazwelonke Semali engenayo ukuze ihlangabezane nezidingo zoMbuso zonyaka wezimali wezi-2026/27; ukunquma imibandela yokusetshenziswa kwezimali ezihoxisiwe zonyaka wezimali wezi-2027/28 ngaphambi kokuqala koMthetho Wokwabiwa Kwezimali wezi-2027/28; kanye nokuhlinzekela izindaba ezihambisana nalokho.

Usuku lokuvalwa lokuletha izethulo ezibhaliwe phansi noma ukukhombisa inhloso yakho yokwenza isethulo ngomlomo ihora lesi-16:00 ngoMsombuluko, ziyi-8 kuNhlangulana wezi 2026. Isigcawu sokulalelwa komphakathi ngoMthethosivivinywa sizokwenziwa nge-Inthanethi IKomidi LoMkhandlu LikaZwelonke LeziFundazwe elibhekele Ukwabiwa KweziMali ngoLwesithathu, ziyi-10 kuNhlanglana wezi- 2026 ngehora lesi-09:00.

Izethulo maziqondiswe kuNobhala weKomidi, uMnu Lubabalo Nodada: 083 412 1526, Lnodada@parliament.gov.za noma ku-Nksz Estelle Grunewald: 071 363 2257, egrunewald@parliament.gov.za. Amakhophi oMthethosivivinywa ayatholakala kwi: www.treasury.gov.za noma www.parliament.gov.za

Ikhishwe ngu: UMhlonishwa T I Legwase, iLungu lePhalamende, uSihlalo: WeKomidi Lokwabiwa Kwezimali (UMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe).

ISIZULU